# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESIBILI (P2)

## JUNI 2019

## IBANGA LE-12

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi angama-27**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

1. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

2. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

3. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

4. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

5. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

6. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

7. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

8. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.*** | | |
|---|---|---|
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| | | |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 7 |
| | | |
| 3. *Umshado* | 35 | 9 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.*** | | |
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 12 |
| | | |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 14 |
| | | |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 18 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>***Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.*** | | |
| 7.1 'Umunwe' | 18 | 22 |
| | | |
| 7.2 'Ilobolo' | 17 | 23 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>***Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.*** | | |
| 8.1 Ngiyafisa Ukuba Qotho | 18 | 25 |
| | | |
| 8.2 Ngiyogiya Ngiqephuze | 17 | 26 |

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| A: INOVELI | 1–3 | 1 | |
| NOMA | | | |
| B: UMDLALO | 4–6 | 1 | |
| NOMA | | | |
| C: IZINDABA EZIMFISHANE | 7 | 1 | |
| NOMA | | | |
| D: IZINKONDLO | 8 | 1 | |
| **QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela. | | | |

**UMBUZO 1: ITHEMBA LAMI-LF. Mathenjwa**

Funda iziqeshana EZIMBILI (A no B) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA A**

"Uyabona uNonkamfela lona mzala, yinyanga uqobo lwayo. Enjalo nje akelaphi ngemithi yalapha, eyakhe ilandwa ePutukezi kwaLomahasha kanye nasemaMpondweni."
"Hawu! Ubeseke wakwelapha yini mzala ngale mithi wabe sewuyincoma kangaka?"
"Cha khona ubengakangelaphi ngayo kodwa ukubekile ukuthi eqondene ngqo nalesi sifo sami uzoyilanda kulezi zindawo esengizishilo. Okwamanje usazama ukulalisa ukufa aze athole isikhathi sokulanda le mithi azoyidinga."
"Ngiyezwa mzala kodwa inhliziyo yami ilokhu ithanda ukukhala njalo, sengathi bekusafanele ubuyele kodokotela. Odokotela laba mina sengiqala ukubethemba ukudlula lezi zinyanga zakithi. Uyabona lobu bungcono obubabazayo nje angibuboni neze mina."
"Kanti-ke sengingcono, futhi ukhohlwe lukhulu mzala uma ukhohlwa zinyanga zomdabu. Labo bantu banamandla amakhulu futhi angandile abawabelwa ngabaphansi, ngakho-ke ubobahlonipha. Angisho mzala ukuthi ungakunaki okwesilungu kodwa nokwakini ungakulibali."
"Yizwi impela lelo mzala kodwa lokhu okwakho sengathi bekusadinga bona kanye abelungu."
"Awumuzwe-ke umzala nale ndendende yakhe yabelungu."
"Akusenani mzala, asisale sesiyiyeka le ndaba sixoxe ezinye."
Nebala baxoxa baze bafika kwezikitazayo zaseMdubane, kwavuka amahlaya amadala baze bakhohlwa ukuthi lapho bekhona bahlanganiswe ukugula. Zazimnandi izindaba, kwaze kwalamula isiqhwaga esiwubuthongo.

| | | |
|---|---|---|
| 1.1 | Ngokwesiqeshana A yini le eyayenza uSandanezwe akholwe ukuthi uNonkamfela yinyanga yoqobo? | (1) |
| 1.2 | Uhlalaphi uNonkamfela okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? | (1) |
| 1.3 | Bhala isizathu sokuthi uZondiwe azobona umzala wakhe ngalolu suku | (2) |
| 1.4 | Yini eyabonwa isayoni ngesikhathi sihlolela uSandanezwe? | (2) |
| 1.5 | USandanezwe noNomkhizo bahlobene kanjani? | (2) |
| 1.6 | Kungani izintombi zaseThekwini zazibathanda kangaka oSandanezwe kanye nezinsizwa ayesebenza nazo ezitimeleni zamanzi? | (2) |
| 1.7 | Kwakuyini inhloso yenyanga uMbeje yokuhlangana noNtshingila? | (2) |
| 1.8 | Abanye abantu baye balahle ithemba lapho begula kepha uSandanezwe akazange alilahle. Veza umbono wakho ngalesi senzo. | (2) |

1.9 Uyavumelana yini nokuthi umlandi/umxoxi ongomunye wabalingiswa kule noveli? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.10 Bhala iphuzu elilodwa ngobuhle kanye nobubi bezenzo zomlingiswa onguNonkamfela. (2)

1.11 Ubukhona bukaZabalaza kule noveli bulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

> "Ngenxa yokuthi lesi sifo sasigcwele wonke umzimba, kuzofanele ngikugcabe onke amalunga ukuze insizi ihlangane ezinhlanganweni zomzimba ilwe nesifo. Emveni kokugcaba, ngizokunika omunye umuthi wokuchatha nomunye ozowuphuza ukuze igazi ngilihlanze ngaphansi nangaphezulu. Uyabona mfo kaMkhumane lesi sifo sakho sinzima njengoba nawe uzibonela, ngakho-ke sidinga imithi yangempela hhayi into yokudlala. Ephusheni lami ebusuku, abakithi abangasekho bangibonisile imithi okufanele ngikwelaphe ngayo. Omunye wale mithi ukhona lapha kwelakithi nakuba uyingcosana nje. Eminye-ke kusafanele ngibhukulele ngihambe ngiyoyifuna ukuze ngiyithole. Omunye kumele ngiwulande ePutukezi kweLomahasha njengoba ngangike ngasho. Nalapho iyobe ingakapheleli ngoba abaphansi bathe ngiyithake ngesitho sangasese sowesifazane osemncane. Uyazi-ke nawe mfana ukuthi yinto elikhuni kanjani ukuthola zonke lezi zinto ezifunakalayo. Ngithi mangikwazise mfana ngaleli phupho, usize kube yisifuba sakho, wazi ukuthi engikwenzayo ngikwenzela ukusindisa wena. Into efike ingime ngqi njengesidwa ukuthi amakhosi athe loyo muntu wesifazane kungabi ngumuntu ohambe ngesandla sami, futhi kungabi ngumuntu ohambe ngokugula."
> Wayilanda kanjalo umfo kaMbeje indaba yephupho lakhe. Into eyayimxaka ukuthi kazi sitho ndini uyovelaphi.

1.12 Fingqa ngamaphuzu AMABILI iphupho likaNonkamfela alixoxela uSandanezwe ngalolu suku? (2)

1.13 Hlaziya le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo:

1.13.1 Ukukholeka kwezigameko. Nikeza isibonelo ESISODWA ukusekela impendulo yakho. (2)

1.13.2 Uvuthondaba. (2)

1.14 Wayebalisa ngani unina kaSandanezwe ngesikhathi esendleleni eyobona indodana yakhe emzini kaMbuyisa? (2)

1.15 Phawula ngokuhlobana phakathi kwesizinda ngokwendawo kanye nezigameko ezenzeka kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Ngokucabanga kwakho ngabe le noveli ifanele yini ukufundwa abafundi

1.16 abenza ibanga leshumi nambili. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.17 Phawula ngokuhlolisisa ngekhono lombhali lokubhala isiphetho sale noveli. Bhala amaphuzu AMATHATHU (3)

**[35]**

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (C no D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Abantu abakhulele kule ndawo balime amathantalala amasimu yize kwezinye izindawo kugcwele amatshe. Into eyayithanda ukuba yinkinga amanzi. Imifula emincane ivamise ukusha ehlobo amanzi agujwe phansi esihlabathini noma esiphethwini, yingakho nje uma kutshalwa kufanele kube ukudla okungadingi ukuniselwa njengombila, amabele, imfe, nokunye.Yinhle indawo yaseMachunwini. Abantu bakhona bayahlonipha kakhulu, kanti abathintwa uma usubachukuluzile.
Isizwe samaChunu sibuswa inkosi uSimakade ozalwa nguMzochithwayo kaSilwane, kaGabangaye, Kaphakade kaMacingwane Mchunu. UManyoba wakhula ngesikhathi senkosi uMatshudi ongasekho; owayeyibamba lenkosi uSimakade ngemuva kokubusa kwenkosi uMzochithwayo. Ngamanye amazwi wakhula noSimakade ngoba bacishe babe ngontanga. Inkosi uSimakade iyona eyaqeda izimpi phakathi kwamaChunu nabaThembu ezazilwa kakhulu, ikakhulukazi ngesikhathi sebamba lenkosi uMtshudi okubalwa phakathi kwezinye, impi yakwa-Ngongolo.
Lokhu inkosi yakwenza ngokuthi ithathe intombi yenkosi yasebaThenjini wayenza umdlunkulu wasemaChunwini. Ubani owayengahlasela isizwe lapho kugane ingane yakhe na? Kuze kube manje amaChunu nabaThembu ngamathe nolimi. USimakade enye yamakhosi okuqala eyaba noshushisi oneziqu zaseNyuvesi emakhosini aholwa nguNdunankulu waKwaZulu, inkosi uMangosuthu Gatsha Buthelezi, ngaphansi kwesilo samabandla, uGoodwill Zwelithini Zulu. Lo mshushisi wayekhokhelwa yisizwe. Lokhu kwakukhombisa obukhulu ubuhlakani ebukhosini bamaChunu.

2.1 Ngubani igama lengoduso elindwe nguManyoba kulesi siqephu? (1)

2.2 Bhala isithakazelo sakwaMchunu esitholakala kulesi siqephu. (1)

2.3 Yiziphi izinto EZIMBILI ezadina/ezacasula uManyoba ngokwalesi siqephu? (2)

2.4 Bhala isizathu sikaManyoba sokuzobona ingoduso yakhe ngalolu suku. (2)

2.5 UBheki noNoMduduzi bahlobene kanjani? (2)

2.6 Uqonde ukuthini uManyoba uma ethi uNtombi **usulekile**? (2)

2.7 Tomula umusho osesiqeshini osikhombisa ukuthi uManyoba zamshaya izinsizwa zaseMvoti. (2)

2.8 Kwakuyini inhloso kaManyoba yokweqa epulazini likaGeorge ayosebenza eGoli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.9 Le ndaba yenzeka esikhathini samanje. Bhala amaphuzu AMABILI ukusekela lesi sitatimende. (2)

2.10 Bhala iphuzu ELILODWA ngobuhle kanye nobubi bezenzo zomlingiswa onguManyoba. (2)

2.11 Ubukhona bukaMaNene kule noveli bulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA D

Umi entabeni yedwa ulindele ingoduso yakhe uNtombi, uyacabanga. 'Omama bathanda ukwazi ukuthi uganwa nini. Okungidina kakhulu, ilo othanda ukukukhombisa intombi ethandwa uyena ukuthi igane mina. Kanti bona abazi yini ukuthi induku enhle igawulwa ezizweni na? Hoo! Ngikhumbula ngiqala ukufika kule ndawo yaseMvoti izinsizwa zisho ukungiqeda ngenduku. Kwakungadlalwa. Ngadlel'ogageni. Ngake ngavika kwavuthuka izandla, bela abafokazi.

Ukhona oyedwa ongeke angikhohlwe noma nini. Lo engavele ngaphuma naye iqhubu ngamshaya wakhalisa okwengane encane. Khona esebaleka, nabangakubo bathuka becabanga ukuthi uyahlanya kanti qha akunjalo, uzwa ubuhlungu. Kodwa nami angilalanga ubuhlungu zingitítinya izinsizwa. Engabe uzothini uNtombi namuhla? Sengicabange kahle, ngizovele ngimtshele nje ukuthi sengifuna ukuya kubo manje. Uma ebuza ukuthi ngiyokwenzani, impendulo ilula, ukuyocela ukuba ube umkami. Isona sikhathi sokumtshela lesi.

Ngokwedlule ngabuye ngangenwa itwetwe ngabambeka nje ngangabe ngisakwazi ukukhuluma, ngasale **sengihlaba inhlali** nje ngingaqondile. Namuhla elamanqamu, ngimfunge uMqhikiza kababa.'

Yabe ukuqhamuka nje intokazi kaGatsheni, wasukuma wama ngezinyawo kwaphela konke ukucabanga ethatha ebeka kungekho mpendulo eshaya khona.

'Sawubona Gatsheni wami omuhle. Engabe ubugeza ngani, **usuleke** kanje?' Yasho ixhawula insizwa yaseMachunwini.

2.12 Xoxa ngesisusa sodweshu phakathi kukaFanyana nomama wakwamakhelwane. Bhala ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.13 Hlaziya le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo

2.13.1 Ukukholeka kwezigameko. Nikeza isibonelo ESISODWA ukusekela impendulo yakho (2)

2.13.2 Uvuthondaba. (2)

2.14 Ukuqhamuka kukaMfundisi kwaba namphumela muni empilweni kaManyoba noMaNdlovu ukube akaqhamukanga uMfundisi ngesikhathi sebetholene eMnambithi? (2)

2.15 Phawula ngokuhlobana phakathi kwesizinda ngokwendawo kanye nezigameko ezenzeka kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.16 Xoxa ngemibono emihle eyayizokwenziwa ngunkosikazi kaMduduzi ukube wayethole ithuba lokubonisana noMduduzi kanye nabafowabo ngabazali babo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.17 Phawula ngokuhlolisisa ngekhono lombhali lokubhala isiphetho sale noveli, Bhala amaphuzu AMATHATHU (3)

[35]

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (E no F) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

Abuke le ntokazi. Inhle. Imhlophe qwa. Izinwele lezi zilungiswe ngobunono obukhulu. Zinhle, zikanywe kahle. Athi eyibhekisisa abone ubuhwanqa obuphuphuzelayo obucishe busikaze izihlathi. Kanti zinjani zona izihlathi! Ungafunga uthi azigcotshwa kodwa ziyapholishwa.

Ezwe sengathi uyathatheka uBhekani yile ntokazi.

Ayibhekisise. Kuqhamuke elinye itekisi. Isondele kulo. Kuthiwe ligcwele. Ime phambi kwakhe manje uBhekani. Athole ithuba lokuyibuka kahle ngemuva. Uyisusa phansi uyoyikhipha phezulu. Inezitho. Abheke lapha okuqala khona amathanga abone ukuthi ikhona le ntokazi. Imfasankomo le igcwele. Umoya ufune ukusiphephula isiketi kuvele kancane iphezulu lamathanga. Anikine ikhanda uBhekani. Umqondo wakhe uvele usakhe usiqede sonke esingezansi sale ntokazi.

Ngenxa yokuthi umqondo wakhe uthathekile, kuwe iduku lakhe esandleni. Liwele phambi kwale ntokazi. Igobe kancane ilicoshe. Aqume uBhekani.

"Nanti iduku lakho bhuti."

"Ngiyabonga."

Ngesikhathi elithatha leli duku uBhekani ezwe ukushelela kwezandla zale ntokazi angakaze akuzwe.

"Ungowaphi sisi ngoba sengathi angikwazi?" Iqale ithi ukuhleka kancane le ntokazi. Ubuhle bayo budlulele uma isihleka.

"Angikutshele igama lami okungcono bhuti."

"Lilungile nalo."

"NginguTholakele."

"NginguBhekani mina." Asho maqede akhiphe isandla axhawule uBhekani. Afise sengathi kungenqamuke lokhu kuxhawulana. Isuke imbheke emehlweni intokazi. Avele afe uBhekani uthando lwale ntokazi.

3.1 Ngokwesiqeshana E yini le eyenza uBhekani azizwe ethatheka yile ntokazi? (1)

3.2 Uhlalaphi uTholakele okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

3.3 Bhala isizathu sokuthi uBhekani afune ukushada ngokushesha. (2)

3.4 Yini eyayiphazamisa amalungiselelo omshado kaBheki noTholi? (2)

3.5 UBhekani noSifiso bazana kanjani? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.6 Kungani uBhekani ayengahambisani nobudlelwane phakathi kukaTholakele noPamella ? (2)

3.7 Kwakuyini inhloso kaLindiwe yokuvashela uBhekani emva kwezinyanga ezinhlanu bagcinana? (2)

3.8 Ngenkathi uBhekani efikelwa umqondo wokubuyisela uTholi esikoleni, yisiphi isizathu sokwenqaba esabekwa uTholakele? (2)

3.9 Uyavumelana yini nokuthi umlandi/umxoxi ungomunye wabalingiswa kule noveli? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.10 Bhala iphuzu ELILODWA ngobuhle kanye nobubi bezenzo zomlingiswa onguSifiso. (2)

3.11 Ubukhona bukaBhatomu kule noveli bulukhulisa kunjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA D

Kwedlula amasonto amaningana impela iphupho lilokhu limbelesele kuBheki. Noma kunjalo akayivezi le ndaba kunina. Imququda yedwa. Afikelwe umqondo wokuthi ake aye kwababonayo, bambulele. Awulahle lo mqondo. Abone ukuthi sengathi izomehlisa isithunzi le nto yokuhambela izangoma enguthisha. Wabuye wakhumbula nendaba ayeyizwe ngomngani wakhe, yayithinta sona isangoma. Lesi sangoma wawuthi uma uqala ukufika kuso sikubalele bonke abantu abakhulu esesake sabasiza. Wabona uBheki ukuthi akayiyeke leyo nto, angaze angene kulabo ababalwa yisangoma.
Waqinisela nokho phezu kokuba iphupho lalimphethe kabi. Okwakuphatha kabi du; ukuthi leli phupho lingabuvezi nakancane ubuhle bukaTholakele.
"Kodwa noma kunjalo ngizoshada noTholakele. Angikwazi ukunqamula lolu thando enginalo naye." Ukhuluma yedwa njalo uBheki.
Afike ekhaya alungiselele ukuya emsebenzini.
"Akukho myalezo ngoLindiwe mama?"
"Awukho mntanami. Ngisazolinda nanamuhla."
Ahambe uBheki aqonde esikoleni. Sasingekho isidingo sokuba abonane noTholi ekuseni. Esalinde imoto wezwa ngabantu bexoxa ngemoto ebomvu ethatha amantombazane ayodlwengulwa maqede abulawe. Waziduduza ngokuthi ngeke yenzeke leyo nto kuLindiwe. Yamethusa nokho le ndaba. Afike esikoleni nakhona kuxoxwa yona leyo ndaba. Abone ukuthi akakabuze uSifiso ngale ndaba ngoba kuningi akwaziyo.

3.12 Fingqa ngamaphuzu AMABILI imicabango kaBhekani emayelana nokuya kubantu ababonayo. (2)

3.13 Hlaziya le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo:

3.13.1 Ukukholeka kwezigameko. Nikeza isibonelo ESISODWA ukusekela impendulo yakho. (2)

3.13.2 Uvuthondaba. (2)

3.14 Wayeyokwenzani uTholakele kubo kaBhekani mhla kukhona uLindiwe? (2)

3.15 Phawula ngokuhlobana phakathi kwesizinda ngokwendawo kanye nezigameko ezenzeka kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.16 Ngokucabanga kwakho ngabe le noveli ifanele yini ukufundwa abafundi abenza ibanga leshumi nambili? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.17 Phawula ngokuhlolisisa ngekhono lombhali lokubhala isiphetho sale noveli. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI (G no H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA G

| | |
|---|---|
| SHANDU: | Hhawu! Hhawu! Intando yeningi seyasiphundla wonke lawo mandla. Yikho nje sesidlala abantu abanjengoDuma. |
| DLAMINI: | Kwakufanele lo hulumeni aqale ngokuqeda ngomthetho wamandla nemisebenzi yenu Ndabezitha. Kungenjalo, kwakuzothi kuqambe kuvotwa kube sekucace kwahlala obala njengezinqe zesele ukuthi oNdabezitha bayini kulesi simo sentando yeningi. Yingakho nje mina ngiyaye ngithi uma kungasa sengingumsocongi ngingaqala ngokusoconga wonke amakhansela. |
| SHANDU: | Hhayi! Hhayi! Dlamini! Yehlisa ulaka Mzizi. Ukusoconga akwakhi. Kunalokho kuhlehliselana emuva. |
| DLAMINI: | Ukudelelwa kukaNdabezitha kona akuhlehliselani yini emuva? |
| SHANDU: | Masiziyeke ezezilima Mzizi. Nathi singaze siphenduke zona. Wena nje, hlala uthule ubukele. Abantu bona bazokhuluma. Phela wena usabhekene necala. |
| DLAMINI: | Ndabezitha, ngingamane ngiphenduke isiwula kunokubukela izimaku zihudulela phansi igama nesikhundla sakho Ndabezitha. |
| SHANDU: | Mzizi, ngiyazi ukuthi uyangithanda futhi uyaziqhenya ngamagugu esizwe kodwa ngiyaphinda ngithi ungakhohlwa ngukuthi inkantolo isakubheke ngamehlo abomvu. Mina ngeke ngithokoze ukubona induna yami isiyinto yejele. |
| DLAMINI: | *(ahebeze ngesandla sokudla)* Ngeke! Ngeke Ndabezitha! Uyabona Ndabezitha! Sekungamane kuchitheke uphoko phela. Hhaye-ke, kulungile Ndabezitha. *(asukume)* Ngicela indlela manje. Lusekude ukhalo engizolihamba. |
| SHANDU: | *(asukume)* Angikukhiphe nduna yami. Uyiqhawe wena. |

4.1 Bakuphi laba abakhulumayo kulesi siqeshana? (1)

4.2 Bhala isibongo sekhansela okukhulunywa ngalo kulesi siqeshana? (1)

4.3 UDlamini unasikhundla sini kule ndawo? (2)

4.4 Ngokwazi kwakho umdlalo kungani uDlamini engezwani nekhansela? (2)

4.5 UMaNgema noMaShezi benza miphi imizamo ukuletha uxolo kule ndawo? (2)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

4.6 Chaza ukuthi kungani inkosi uShandu ingavumanga ukuthi uMangema aqhubeke nokufundisa. Bhala ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.7 Yini inhloso yombhali yokubhala lo mdlalo? (2)

4.8 Bhala umbono wakho ngethoni (tone) etholakala enkulumeni kaDlamini ubhekise kula mazwi alandelayo:

Yingakho nje mina ngiyaye ngithi uma kungasa sengingumsocongi ngingaqala ngokusoconga wonke amakhansela. (2)

4.9 Caphuna umusho ositshela ukuthi inkosi yayibabuka njengabantu abangasile emakhanda labo ababengayihloniphi. (2)

4.10 Kulo mdlalo uMaShezi ukhetha ukuyishiya indoda yakhe ngoba ingamlaleli. Ngokwakho ukubona ngabe okwenziwa uMaShezi kwaba isenzo esamukelekile yini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.11 Ngabe kuyiqiniso kangakanani ukuthi lo mdlalo uyisenamisi ngokwendikimba yawo. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA H

| | |
|---|---|
| SHANDU: | Ngiyezwa ndoda kodwa mina bengingathandi ukumbiza ngoba kuzofana nokuthi ngizomphoqa noma ngizomfunza okufanele akwenze. Yena akagwinye noma-ke akhafule leli gwebu lezinto ezindala. Leli gwebu liyamlawula. Ngempela limlawulela eweni. Omunye engimsolayo yile mpohlo yakwaMbandlwa. *(ambheke)* Dlamini! Beka nawe. |
| DLAMINI: | *(asukume)* Ndabezitha! Nami ngivumelana nawe. Ukumbizela komkhulu kuzomkhukhumeza. Akayekwe enze okufanele. Cishe osekwenzekile kuzomvusa.<br><br>**(Indoda ebikhulume kuqala iphakamise isandla)** |
| SHANDU: | Kulungile-ke Dlamini, uma usho njalo. *(akhombe ophakamisile)* Khuluma ndoda. |
| INDODA YOKUQALA: | *(isukume)* Ndabezitha! Nami ngivumela noNdabezitha kanye nenduna yethu. Ngeke aphinde awubize umhlangano ngaphandle kwemvume yakho Ndabezitha. Okwenzekile kuxwayisa nesinendlebende kwabo. Nakuba kubukeka kunokuthula esizweni, kodwa kukhona ukuvungama okukhona. Ngakho-ke uDuma naye uhlala nathi lapha. Angingabazi ukuthi uyakwazi noma uyakuzwa konke okuqhubekayo. Futhi angakhohlwa uDuma ukuthi wavotelwa yidlanzana kuphela ngoba kwavotwa abantu besadungwe yintukuthelo ngenxa kahulumeni owayedilayisa amakhosi. Abantu abazange nje baye nalapho ezikhungweni.<br>Ngigcina ngelokuthi, akangabizwa! *(wahlala phansi)* |

| | |
|---|---|
| SHANDU: | Siyabonga! Mkhandlu, ngibona sengathi sesiqedile. Cha, seningahamba. Phela akukuhle ukuhamba ebusuku. |
| AMADODA: | Ndabezitha! Ndabezitha! |
| | **(Basukume babhekise amabombo emnyango. Induna ibonakale ingqumungqumuza nenkosi maqede nabo balandele bayophuma bonke ngomnyango).** |

4.12 Bhala izinto EZIMBILI ezenza abantu abaningi abakulo mhlangano bangahambisani nombono wokubizela ikhansela komkhulu. (2)

4.13 Udlame lasuswa ezombusazwe kule ndawo? Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

4.14 Phawula ngesingeniso salo mdlalo. Bhala ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.15 Ucabanga ukuthi kwakufanele yini uShandu alixolele ikhansela ngenkathi lifike esibhedlela lizoxolisa? Sekela impendulo yakho. (2)

4.16 Uyavumelana yini nombono othi isivinini salo mdlalo siyashesha? Sekela impendulo yakho. (2)

4.17 Xoxa ngokuphumelela kombhali ukusivezela uDlamini njengomlingiswa oyisicaba kulo mdlalo. Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

4.18 Ukuba wawunikwe ithuba lokweluleka ikhansela emva kokuwina kwalo ukhetho, wawuyothini kulo? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**MBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – V.M. Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI (I no J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

| | |
|---|---|
| | *(Ngesonto ntambama kwaMbhele. Bekuhlangeni ikomidi lezezimali lebandla lapho kusonta khona abakwaMbhele.)* |
| MFUNDISI: | *(Ngokuzithoba)* Ndodakazi, usuyosibongela kundodana ngokusivumela sisebenzele emzini wakhe njengoba bekube nenkinga ukuba sihlanganele esontweni namuhla. |
| MANSIBANDE: | Impela bo usibongele kubaba uMbhele ngomusa wakhe. Angadinwa nangomuso. |
| SONTO: | Akananinga umnyeni wami, uyathanda ukusiza. Ngizowudlulisa kodwa umlayezo. |
| MFUNDISI: | Kuyofanele simbonge noNkulunkulu bodadewethu uma amagatsha ethu esenza umnikelo ongaka ngenyanga nje eyodwa. |

| | |
|---|---|
| MANSIBANDE: | Impela baba akabongwe uNkulunkulu. Hhayi, banikelile abazalwane, nami bengithi asibalanga kahle, ngendlela nje imali ebeningi ngayo. |
| MFUNDISI: | Manje bantabami nansi indaba enkulu, sizokwenzenjani ngemali njengoba ilanga selishonile nje nasebhange kungavulwa ngamasonto? Phela ibivamile ukuhamba nobaba uNtanzi ngoba vele esebenza ebhange, nakho-ke manje usesebenzela kwenye indawo. |
| MANSIBANDE: | Mina baba ngibona kungcono ukuthi ihambe nawe bese uvuka ekuseni uyiyise ebhange. |
| SONTO: | Impela nami baba ngifakazelana nonobhala. Ngoba vele uhlala endlini yesonto uzofika uyifake esisefeni sebandla. |
| MFUNDISI: | Yebo bantabami, ngiyanizwa. Usuyongibeka-ke nobhala ngemoto yakho ukuze phela ngingahlangani nezigila mkhuba zingenzakalise. |
| MANSIBANDE: | *(Emoyizela)* Bengivele ngizokubeka baba. |
| SONTO: | Nginganiphinda yini ngokuphuzwayo? |
| MANSIBANDE: | Hhayi dadewethu, ilanga lishonile manje. Kodwa phela angazi kubaba uMfundisi. |
| MFUNDISI: | Usho ukuthi selishone ngaleyo ndlela? Cha, akusenani umphimbo usuyogwinya wona amathe. (*Bahleke bonke sebeme ngezinyawo.*) |
| SONTO: | Ake nginikhiphe ezinjeni-ke bazalwane. |
| MFUNDISI: | Ungakhohlwa bo ukusibongela kundodana. |

5.1 Bakuphi laba abakhulumayo kulesi siqeshana? (1)

5.2 Bhala isibongo sikaMfundisi okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

5.3 UMaNsibande unasikhundla sini ebandleni labo? (1)

5.4 Ngokwazi kwakho umdlalo, kungani imali yomnikelo yahamba noMfundisi ngalolu suku? (2)

5.5 UMbhele wayizwa kanjani indaba yokudutshulwa kukaMfundisi? (2)

5.6 Chaza kafishane ukuthi uDlamini walekelela kanjani ukuthi izenzo zikaSonto zivele obala. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

5.7 Yini inhloso yombhali yokubhala lo mdlalo? (2)

5.8 Bhala umbono wakho ngethoni (tone) etholakala enkulumeni kaMfundisi ubhekise kula mazwi alandelayo:

Usuyongibeka-ke nobhala ngemoto yakho... (2)

5.9 Caphuna umusho ositshela ukuthi ikomidi lezezimali laqeda ukubala imali yomnikelo sekuntambama kakhulu ngalolu suku. (2)

5.10 Kulo mdlalo uSonto wakhetha ukuthandana nendoda eshadile. Ngokwakho ukubona ngabe okwenziwa uSonto kwaba isenzo esamukelekile yini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.11 Ngabe kuyiqiniso kangakanani ukuthi lo mdlalo uyisenamisi ngokwendikimba yawo. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

| | |
|---|---|
| MTHOFI: | Sesiyibulele lenja yakho. |
| SONTO: | Niqinisekile ukuthi ufe ngempela? |
| MTHOFI: | Hawu, ngingakufonelelani uma ngingenasiqiniseko? Umbuzo onjani nje lowo? |
| SONTO: | Cha, ngifuna ukuba ne-*sure* ukuthi konke kuhambe kahle. |
| MTHOFI: | Yizwa ngami, konke kuhambe kahle. |
| SONTO: | Niwenze kanjani umsebenzi? |
| MTHOFI: | *(Ehleka)* Eyi, kasidlali thina. Simhlabe ngamalambu, sayimisa imoto yakhe. Ube ukuma nje kasabe sisalinda lutho. Mina-ke njengomuntu owayekade ebadubula ngibe sengimdubula. |
| SONTO: | Wafa? |
| MTHOFI: | Kanti uzwa kanjani? Kangithi ngikubingelele ngokuthi ufile? |
| SONTO: | Ngikuzwile uthi ufile. Into nje ngifuna ukwazi ukuthi... |
| MTHOFI: | Zwana ngami-ke, ufile uMbhele. Imoto yakhe siyishiye ingamalangabi. |
| SONTO: | Yena? |
| MTHOFI: | Ubengasinda kanjani nje uma ucabanga? Naye ushe waba umlotha. Nina nizongcwaba umlotha. |
| SONTO: | Kuhle-ke, yenzani isiqiniseko sokuthi akusali bufakazi. |
| MTHOFI: | Ngikutshelile ukuthi *relax* yonke into ihlangene. |

| | |
|---|---|
| SONTO: | Kulungile ngizonithinta ngokuqhubeka kwesikhathi. |
| MTHOFI: | Sesiwuqedile owethu umsebenzi. |
| SONTO: | Ngiyabonga. |
| MTHOFI: | Asifune kubongwa ngomlomo. Sifuna imali osethembise yona ihlale esandleni. |
| SONTO: | Khululeka, nizoyithola ngokushesha. |
| MTHOFI: | Makube njalo-ke. Tshela abantu bomshuwalense labo ukuthi kabalungise izinto ngokushesha, ziphume izimali sithole okungokwethu. |
| SONTO: | Khululeka, imali izophuma ngokushesha. |
| MTHOFI: | Sengathi kungaba njalo ngoba sesikhathele indaba yakho. Uma kulibala, sizodubula wena manje. |
| SONTO: | Kahle Mthofi, kakukhulunywa kanjalo. |
| MTHOFI: | Bengikwexwayisa nje. Nakhu okunye engikwexwayisa ngakho... |
| SONTO: | *(Ethuka)* Yini manje? |
| MTHOFI: | Ungalinge ubhayize. |
| SONTO: | Ngibhayize? Kanjani? |
| MTHOFI: | Kusazofika amaphoyisa lapho ezokuphenya. |

5.12 Bhala izixwayiso EZIMBILI uSonto azinikezwa nguMthofi ngalolu suku. (2)

5.13 UZinhle wayefunda esikoleni esixube izinhlanga. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

5.14 Phawula ngesingeniso salo mdlalo. Bhala ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.15 Ucabanga ukuthi kwakufanele yini uDlamini afune imali kuMbhele ngaphambi kokuba amtshele izinto ezazenzeka emzini wakhe uma engekho? Sekela impendulo yakho. (2)

5.16 Uyavumelana yini nombono othi isivinini salo mdlalo siyashesha? Sekela impendulo yakho. (2)

5.17 Xoxa ngokuphumelela kombhali ukusivezela uMthofi njengomlingiswa oyisicaba kulo mdlalo. Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

5.18 Waphumelela kanjani uNhleko ukuba akwazi ukuqoqa ubufakazi obenza ukuthi uSonto agcine esegwetshwe udilika jele? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**UMBUZO 6:** ***ISIKO NELUNGELO*** **– N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (K no L) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

*(UThenjiwe noDumisani bahlezi endlini bayaxoxa)*

DUMISANI: Awubheke ucishe wona ubuhle nobumnandi bendumezulu yomshado.

THENJIWE: Eqinisweni njalo ngangingaboni impela ukuthi singasuke silandele isiko bese siyathandana. Namanje ungathi ngiyaphupha.

DUMISANI: Uma ubheka uthi umfowethu ungibeka icala ngalesi senzo sethu?

THENJIWE: Noma ngabe wayediniwe, naye engafuni ngikugane, kodwa ubaba ngendlela achaza, washweleza ngayo, nomufi weneliswa.

DUMISANI: Kodwa wawutholaphi lo shevu owawuthi ungijuqa ngawo?

THENJIWE: Ngicela ungabe usayikhuluma leyo ndaba, ingenza ngibe namahloni amangalisayo.

DUMISANI: Abahlola leliya tiye bathi ukuba ngake ngaliqhabula kanye, ingqakala yayiyobheka ezulwini.

THENJIWE: Ngasuke ngavukwa inzondo embi, idalwa ukuthi uSipho wayefe ngenxa yakho.

DUMISANI: Kanti nanihlobene kanjani noSipho?

THENJIWE: Kwakungumngani wami omkhulu. Mhlawumbe sasiyogcina sithandana nje. Uyena owayekwazi ukungiduduza uma ngikhumbule umfowenu.

DUMISANI: Ngaphatheka kabuhlungu kabi mina ngizwa kuthiwa useshonile.

THENJIWE: Ngifisa ukuyobeka imbali eyodwa vo ethuneni lakhe. Ngifuna nokuvalelisa ngoba washona ngithi ngisazombona.

DUMISANI: Ngizwa kuthiwa wakubhalela incwadi engakashoni.

THENJIWE: Edabukisa kakhulu. Sengathi wayebona ukuthi usezofa.

DUMISANI: Akashongo lutho ngami?

THENJIWE: Wayengayeka kanjani? Wathi angomxolisela kuwe futhi ngigcine ngikuganile. Yayimfushane incwadi idle ngokujula. Yayilokhu iphinda wona la magama engiwashoyo.

DUMISANI: Yikho lokho okwadala ushintshe umqondo ulivumele isiko?

6.1 Ngubani lo Sipho okukhulunywa ngaye kulesi siqephu? (1)

6.2 Bhala isizathu sikaThenjiwe sokungafuni ukungenwa nguDumisani. (1)

6.3 Wayeyoyibekelani imbali ethuneni likaSipho uThenjiwe? (2)

6.4 Nikeza isizathu esenza uThenjiwe afise ukuxolisa kumama kaDumisani. (1)

6.5 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uDumisani wayezofa ukube waliphuza itiye elalenziwe nguThenjiwe. (2)

6.6 Chaza kafishane le ndaba eyayibangela uThenjiwe amahloni uma uDumisani ekhuluma ngayo. (2)

6.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Indumezulu yomshado umshado …

A wesiNtu.
B wasemakhaya.
C wasesontweni.
D omkhulu. (1)

6.8 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla: Nalokho **kwafaka isandla** kakhulu. (2)

6.9 Wawuthini umyalezo wencwadi kaThenjiwe eyayibhalwe nguSipho? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.10 Abalingiswa abangabaqhathi kulo mdlalo nguMondise noMaMbatha. Sekela ngamaphuzu AMABILI umlingiswa ngamunye. (4)

6.11 Kwaba namuphi umphumela kubantu bakwaZungu ukungalihloniphi ilungelo likaThenjiwe lokuzikhethela ngempilo yakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

| | |
|---|---|
| DUMISANI: | Mana phela kancane. (*Athathe izinyawo asondele kubo*) |
| SIPHO: | Kanti awuzwa uma lo sisi ethi ujahile mfowethu? |
| DUMISANI: | Angikhulumi nawe sikhulu. Siyezwana? |
| THENJIWE: | Phela yimi engithe akangiphelezele lo engihamba naye. Kusho ukuthi usilibazisa sobabili. |
| DUMISANI: | *(Abambe uThenjiwe ngengalo. Ame noSipho)* Hamba mfowethu. Ngisaxoxa noThenjiwe. |
| SIPHO: | Ngeke ngivume njengoba umbamba ngenkani nje. Myeke! |

| | |
|---|---|
| THENJIWE: | Angifuni we Dumisani! Uyazi ukuthi ngisekhaya nje yingenxa yakho. *(Ahluthule,abambisise uDumisani)* |
| SIPHO: | Kanti unjani lo muntu? Yeka le ngane wena! |
| THENJIWE: | (*Acoshe itshe*) Ngizokusakaza ngaleli tshe, uyezwa? |
| DUMISANI: | Kanti uhlanganiswe yini nalo Sipho ongasafuni ngikhukume nawe. |
| THENJIWE: | Hlukana noSipho wena. Ucabanga ukuthi uzoganwa yimi unje, ngeke. |
| DUMISANI: | Nginjani? (*Abambe futhi*) |
| THENJIWE: | (*Alidedele itshe lihlale ekhanda*) Angithi ngikutshelile. |
| DUMISANI: | Uzolimala wena. Uyangishaya. (*Akhahlele esiswini*) |
| SIPHO: | Hhayi-bo! Wenzani lo muntu? (*Alamule*) Nenzani kanti? |
| DUMISANI: | Uyangibamba? (*Ashaye kuSipho*) |
| THENJIWE: | Mshaye Sipho! |
| SIPHO: | *(Akhiphe ummese)* Uzothola lokhu-ke manje. |
| DUMISANI: | Usuphethe ummese? (*Ayeke uThenjiwe abhekane noSipho*) |
| THENJIWE: | (*Acoshe elinye ilitshe*) Kushaye Sipho! |
| DUMISANI: | Beka ummese sishayane. |
| SIPHO: | Wezwa bekutshela. Awungizwe! (*Amhlabe*) |
| DUMISANI: | *(Abaleke)* Uyangigwaza! |
| THENJIWE: | Hamba lapha angikufuni. |
| SIPHO: | Cishe walimala lo muntu. Usindile ngoba ugwazeke ingalo. Bengithi ngiwushaya esifubeni. |

6.12 Chaza ngamaphuzu AMATHATHU ngesisusa sodweshu lwangaphandle olwaluphakathi kukaSipho noDumisani. (3)

6.13 Phawula ngesiphetho salo mdlalo. Bhala ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

6.14 Ngokucabanga kwakho isiko lokungenwa lisabalulekile yini esikhathini samanje? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.15 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uMondise wayezicabangela yena kuphela kunokucabangela uThenjiwe? Sekela impendulo yakho. (2)

6.16 Xoxa ngokuphumelele kombhali ukusivezela uMaMbatha njengomlingiswa oyisicaba kulo mdlalo. Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

6.17 Waphumelela kanjani umndeni wakwaZungu ukuphoqa uThenjiwe ukuba agcine esevumile ukushada noDumisani? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

**UMBUZO 7**

7.1 **'UMUNWE' – S Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

Akuyona into engiyenza ngamabomu kodwa sekwejwayeleka nje. Angivamisile ukubuza isibongo uma ngikhuluma nentokazi. Lanele igama. Ngiyibona ilibazisa futhi yezelisa nje indaba yokubuzana nondendende lwezibongo lapha. Yisidala leso. Uma uphila kulo mhlaba, kufanele uhambisane nezikhathi. Ziyashesha izinto.

'Ngiyabonga ukukwazi Bhuti,' kusho yona le ntokazi ewuZodwa, ingibuka ngamehlo ayo amakhulu, amhlophe, angibuka sengathi akhathele. Ngaluzwa lungithi he, uvalo olubandayo. La magama aphume emva kokuba sengishilo ukuthi ngifisa kwenzekeni phakathi kwami naye uZodwa lo.

'Ngiyajabula uma ngisho into ezwakalayo Sisi. Kuyangijabulisa ukuzwa ukuthi iyamukeleka le nto ebengikutshela yona,' kusho mina ngethemba lokuyizuza le ntombi enhle kangaka. Nansi nale ntokazi **ichobozela**, ibheka phansi. Le nto eyenziwa yile ntokazi, ingikhumbuza umkhuba owawenziwa yizintombi zakudala. Zona zazichobozela uma zikhuluma nensizwa, hhayi le nto eyenziwa yilezi zanamhlanje. Ezanamhlanje zivele zikuthi njo ngamehlo, kuze kube uwena okhophozayo. Le ntokazi elapha ephambi kwami sengathi isenazo izimpawu zenhlonipho. Sengathi ngihlangene nomuntu ozongihlonipha, ngiyasola. Umuntu ohloniphayo ubonakala ngazo lezi zimpawu. Pho yini engingathi ngiyayifuna kumuntu wesifazane ngoba yiyo inhlonipho ebalulekile.

'Akunjalo-ke Bhuti. Ukuyizwa kwami into oyishoyo, akusho ukuthi ngiyayemukela. Ngeke ngivele ngamukele into efana nalena kumuntu engingamazi. Ngikholwa wukuthi akulula ukwamukela into enjena kumuntu oqalayo ukuxoxa naye. Angikholelwa neze kuleyo nto. Ngiyakuzonda ukuba uthathekile. Ngiyalesaba ihlazo.'

'Hhayi, kahle Zodwa. Musa ukuyibeka kabi le nto. Ukwamukela into eshiwo wumuntu oqalayo ukuxoxa naye, akusho ukuthi ungumuntu owuthathekile.'

7.1.1 Wenza msebenzi muni lo mlisa esibhedlela? (1)

7.1.2 Wayesebenza kusiphi isibhedlela engakezi kulesi akuso? (1)

7.1.3 Chaza kafishane ngamaphuzu AMABILI ukuthi yini eyayenza le nsizwa ibathembe kakhulu abahlengikazi. (2)

7.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Igama le nkosikazi yalo mlisa kwabe kungu ...

A uZodwa.
B uThandi.
C uFikile.
D uZandile. (1)

7.1.5 Wabona kanjani uZodwa ukuthi lo mlisa ushadile? (2)

7.1.6 Le ndatshana yenzeka endaweni yasedolobheni. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

7.1.7 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi izintombi zamanje azisenawo amahloni okubuka isesheli emehlweni. (2)

7.1.8 Kwaba namthelela muni ukungayifaki indandatho yakhe emnweni lo mlisa? (2)

7.1.9 Ukuba yisoka kuhambisana nezinkinga eziningi. Fakazela lesi sitatimende ngokwenzeka kule ndatshana. (2)

7.1.10 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi wonke amadoda ashadile awathembekile kumakhosikazi awo? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

7.2 **'ILOBOLO' – S Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

Sekuphele izinyanga ezine elobolile ngokwamandla akhe. Yize noma ezamile ukujabulisa umukhwe wakhe ngokumkhokhela kodwa umukhwe akavumi ukukhipha usuku lomshado. Umshado oNgcwele wasesontweni. Incwadi yomshado yona isikhona. Kwadingeka ukuthi kuphuthunywe kuyobhaliswa enkantolo ngenxa yesimo esasithanda ukuba bucayi. Kwathi ukuba kuzwakale ukuthi kukhona umuntu mumbe ofuna ukuyithwala intokazi lena, kwavunyelwana ukuthi kufanele bashadiswe ngokushesha laba bobabili. UMandlenkosi useshadile ngokusemthethweni. Sekusele ukuthi ayodlula endlini yesonto, kuyobusiswa le ncwadi yomshado.
UMandlenkosi ubesalokhu elulindile lolu suku lomshado olungafiki. Okubi kakhulu ukuthi umukhwe wakhe ubegodle ilobolo, wagodla nomakoti wase engezelela ngokugodla nosuku lomshado. Okwenza ibe buhlungu kakhulu inhliziyo kaMandlenkosi ukuthi umukhwe wakhe unesandla esiqine kakhulu. Akafuni ukuthi ingane yakhe ihlangane nomkhwenyana wayo kungakayiwa esontweni. Wasikhipha leso sexwayiso, waze wagcizelela. Waze wafunga wathi buyochitheka bugayiwe uma bengatholakala bendawonye laba bobabili. Kwancwajana yomshado ayisho lutho lapha kuyena, yinto asengayihliphiza kalula nje lena. Umukhwe wayeqhosha ngokuthi uMandlenkosi akaqedile ukukhokha.
Kwaleyo madlana aseyikhokhile angabuyiselwa yona kungabi ndaba zalutho

| |
|---|
| nje, kuqhosha umukhwe. |

7.2.1 Kwase kuphele izinyanga ezingaki elobolile uMandlenkosi? (1)

7.2.2 Bhala izinto EZIMBILI athi uMandlenkosi wayenqaba nazo umukhwe wakhe. (2)

7.2.3 Chaza kafishane okwakwenza inhliziyo kaMandlenkosi ibe buhlungu kakhulu ngokwalesi siqeshana. (2)

7.2.4 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi umukhwe kaMandlenkosi wayezibona enamandla okubuqeda ubudlelwano phakathi kwendodakazi yakhe noMandlenkosi. (2)

7.2.5 Fingqa ngomusho OWODWA isigameko sokuphetha kwale ndaba. (2)

7.2.6 Ngubani umlingiswa oqavile/omkhulu kule ndatshana? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

7.2.7 Umlandi/Umxoxi wale ndaba ubonakala engeyena omunye wabalingiswa. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

7.2.8 Bhala inhloso yombhali yokusibhalela le ndatshana. (2)

7.2.9 Ngokubona kwakho kuyasiza yini ukugwema isiko lokuthwala intombi ngokuba kubhalwe umshado ngokushesha enkantolo? Sekela ngomusho OWODWA, ubhekise endabeni. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

### UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Ngiyafisa ukuba qotho-D.A. Hlophe**

Ngiyafisa ukuba qotho
Ngishumayele ngobuqotho.
Ngibe qotho ezindleleni zami
Ulimi lwami lube qotho.
Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.

Ngiyafisa ukuba qotho
Emisebenzini yami.
Nanxa ngikhandleka
Imisebenzi yami ibe qotho
Iziphambeko zami zisulwe.

Ngiyafisa ukuba qotho
Kubazali bami
Ngihloniphe omdala nomncane
Ukuze ngitshal' imbewu
Yobuqotho esizweni sakithi.

Ngiyafisa ukuba qotho
Eziphiweni zami enginazo
Ukuze ngisebenzise zonke
Ngokukhulu ukwethembeka
Ukuze ngijabulise abantu.

Ngiyafisa ukuba qotho
NakuSomandla uqobo!
Ngiziveze ngimsulwa kuye
Ngikhale kuye angizwe
Yen' owazi ngempokophelo yami.

8.1.1 Nikeza izinto EZIMBILI imbongi efisa ukuba qotho kuzo? (2)

8.1.2 Chaza leli gama njengoba lisetshenzisiwe kule nkondlo emgqeni we-10.

Iziphambeko (2)

8.1.3 Tomula umugqa OWODWA enkondlweni ositshela ukuthi imbongi isebenza kanzima. (2)

8.1.4 Ngabe isihloko sale nkondlo sichaza ukuthini? (2)

8.1.5 Hlobo luni lwesifenqo olutholakala kulo mugqa olandelayo:

Ulimi lwami lube qotho. (2)

8.1.6 Hluza isakhiwo sangaphandle sale nkondlo ngaphansi kwalezi zihlokwana ezilandelayo:

8.1.6.1 Izindima / Izitanza (2)

8.1.6.2 Impindwa. (2)

8.1.7 Chaza ngephuzu ELILODWA la mazwi acashunwe emgqeni wama-24 enkondlweni:

'Ngikhale kuye angizwe' (2)

8.1.8 Phawula ngomoya wale nkondlo. Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Ngiyogiya Ngiqephuze-N.L. Luthuli**

Ngiyogiya ngiqephuze,
Ngihay'izibongo.
Ngingqabashiye ngihalalise ngokuqhashambula
Sengiphumelel'ukufeza ezeminyak' izifiso
Nezinhloso zami ngelokujaja ilanga.
Senginqwanjiswe umnqwamb' oqavile.
Sengiyikazel' iminyezane yakomfundo.

Ngiyogiya ngiqephuze.
Ngigiye ngiqephuze ngiqeketh' izindaba
Ngigiye ngilokoth' amagam'angalokothwayo
Alab'abayibekile induk' ebandla.
Abachathazil' emagulen' abo ezangqondo
Ze ngiqwal' eqonsayo imimango.
Ngiyogiya ngiqephuze.
Ngigiye kuyiyize omame nezalukazi.
Besho bempongoloza ngamaphimbo emizwilili.
Usho mfo kaShandu ukuth' uyalazi leli
Bhobhodleyana lakoMshibe.
Usho liphekwe kweyakh' imbiza
Ugiye kanye nalo ngaphimbo linye
Ningqabashiye 'ze nakwabezay' ixoxw' indaba.

8.2.1 Yini le eyojabulisa imbongi? (1)

8.2.2 Ukwenzenjani ukungqabashiya uhalalise. (2)

8.2.3 Hlobo luni lwemvumelwano etholakala kule migqa elandelayo:

<u>Se</u>nginqwanjiswe umnqwamb' oqavile.
<u>Se</u>ngiyikazel' iminyezane yakomfundo (2)

8.2.4 Gagula uhlobo lokuxhumana olutholakala kule migqa elandelayo:

**<u>Ngigiye</u>** ngiqephuze ngiqeketh' izindaba
**<u>Ngigiye</u>** ngilokoth' amagam'angalokothwayo (2)

8.2.5 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo yimbongi ngokusobala endimeni yokuqala. (2)

8.2.6 Le migqa elandelayo iluhlobo luni? 9 no 10, 19 no 20. (2)

8.2.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe kule nkondlo.

(a) Abachathazil' emagulen' abo ezangqondo (2)

(b) Besho bempongoloza ngamaphimbo emizwilili (2)

8.2.8 Ngokucabanga kwakho abafundi bebanga leshumi nambili kukhona yini abangakuzuza ngokufunda le nkondlo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**